INKULUMO EYETHULWA NGUMHLONISHWA UNGQONGQOSHE WEZOLIMO NOKUTHUTHUKISWA KWEZINDAWO ZASEMAKHAYA KWAZULU NATAL NJENGOBA KWETHULWA IHHOVISI ELISHA, ENKANDLA, NGAPHANSI
KOMKHANDLU WESIFUNDA I KING CETSHWAYO

USUKU: 31 JULY 2026

Mphathi wohlelo
Mhlonishwa Undunankulu A.T Ntuli
Mhlonishwa u M Meyer uNgqongqoshe weMisebenzi kaHulumeni neNgqalasizinda.
Mhlonishwwa uSobaba woMkhandlu wesifunda I King Cetshwayo, ukhansela uS.Z Dlamini.
Umhlonishwa onguSobaba woMkhandlu wase Nkandla ukhansela uNzuza.
Malungu ahloniphekile eSishayamthetho.
Amakhosi namakhansela.
Inhloko yomnyango esabambile udokotela FN Qwabe.
Izinhloko ze ministry emithathu.
Abaholi abaphezulu nabasebenzi bayo yomithathu iminyango.
Abalimi, izinhlangano zabalimi nenhlangano I Agribusiness Development Agency.
Abeluleki bezolimo, nemifelandawonye
Abezindaba
Izihambeli ezikhethekile
Sanibona mphakathi waseNkandla namaphethelo

Lolu wusuku olukhulu kithina njengoMnyango wezoLimo NokuThuthukiswa kweziNdawo zasemaKhaya ngoba asivuli nje kuphela iminyango yamahhovisi kepha sivula inhlalakahle, sivula amathuba azonikwa abazocela usizo, sivula ukusebenzisana phakathi komnyango nabalimi baseNkandla.

Ungaba namasimu abe luhlaza cwe. Ungaba nomhlaba omuhle nemvelo ivume.
Ungaze uziqhenye ngokunqoba izindondo njengomnyango ohamba phambili futhi uqhoshe njenfoMnyango ovelelele ngokuhlinzeka izidingo kubantu, kodwa uma amahhovisi akho engahlelekile ufana nomuntu ongenayo kwayona indawo yokusebenzela. Uma usaqhubeka nokunika abantu izinsiza usehhovisi elinethayo futhi elibhidlikayo, isithunzi sakho siyathunazeka. Lokho kuzodala ukuthi labo abazofaka izicelo zokufuna usizo, nabo babe nongabazane ngalolo sizo noma isicela, futhi ngeke bakwethembe.
Abalimi bazolahlekelwa ithemba lokuthi zikhona izidingo ongabalethela zona uma wehluleka ukuhlela kahle uma indawo yakho yokusebenzela ingahlelekile kahle.

Emehlweni omlimi, leli hhovisi liyisibuko se Department. Uma uphahla luvuza, abalimi bazocabanga ukuthi nezinhlelo zezolimo nazo ziyavuza. Uma imigqa imide, kungekho zihlalo bazocabanga ukuthi izicelo zabo zoxhaso nazo zisilele emumva.

Uma bethi nhla bayangena ehhovisi ugesi unenkinga akukhanyi, kanjalo bazocabanga ukuthi ikusasa labo emkhakheni wezolimo ligubuzelwe ifu elimnyama.

Yingakho lolusuku lwanamhlanje lusho lukhulu kuthina, abasebenzi bethu nomphakathi wonke jikelele waseNkandla.

Ukukwethula lelihhovisi lapha eNkandla kuwuphawu olukhomba izinhloso zethu ngesifuna ukukwenzela imiphakathi yalapha eVumanhlamvu, eNkungumathe, eVuleka, eSibomvu, eMahlayizeni naseKhombe nazo zonke ezinye izindawo. Lokhu kusho ukuthi sihlonipha umlimi ngokwanele ukuthi sihlangane nabo endaweni esebenzayo nesesimeni sokusingatha abasebenzi nabalimi.

Yingakho sabhidliza isakhiwo esidala sakha lesi esisha. Lokhu kusho ukuthi siyabahlonipha abasebenzi bethu ngokubanika amathuluzi okusebenza afana nama computer nendawo ephephile yokwenza umsebenzi wabo.

Lokhu kusho ukuthi siyawuhlonipha umsebenzi wezolimo ngendlela yokuthi siwuthatha njenge bhizinisi elimqoka hhayi nje into esingachitha ngayo isizungu.

Ngihlezi ngisho ukuthi izikole akusamele zithathe ezolimo njengento yokujezisa abafundi abangezwa, kodwa abathathe ezolimo njengesifundo esingaguqula izimpilo zabo.

Eminyakeni eminingi besiloku sicela abalimi ukuthi balihloniphe lelibhizinisi labo, bagcine imininingwane, bahlele kahle izinto zabo baphinde bazinike isikhathi, kodwa sibacela ukuthi benze lokho nje nathi uqobo sisebenzela ema office anamafasitela afile, akukho ne internet. Bekungesiyo into enhle leyo futhi ibingafanele ukwenzeka.

Namuhla silapha ukuzolungisa lokho. Namuhla sizobuyisela indawo yethu yokusebenza esimeni esifanele ukuze sizokwazi ukusiza namapulazi ukuthi ahleleke.

Manje sisuka ekwakheni, sesiletha intuthuko.

Mhlonishwa Ndunankulu, isakhiwo sodwa asondli muntu, I ribbon ayitshali nsimu. Okubalulekile ilokhu okuzokwenzeka ngaphakathi kwalezindonga kusukela ngomsombuluko uma seniqala umsebenzi wenu.

Lelihhovisi lizosiza kakhulu ekuvikelweni kokudla ezindaweni zasemakhaya, izikole nezibhedlela.

Lizolekelela abalimi abasakhula nalabo abathuthukile, ukunisela nokukwazi ukungena ezimakethe badayise imikhiqizo yabo.

Okunye elizokwenza ukusiza abantu abasha nabesifazane abakulomkhakha wezolimo ngoba angeke sikwazi ukukhulisa lomkhakha wezolimo uma inxenye yabantu siyishiya ngemumva.

Lizophinde lisize ngokufundisa ngokuguquka kwesimo sezulu ukuze amasimu ethu ehlezi eluhlaza nezingane zethu ziwabone.

Asikwazi ukhuluma ngomnotho wezolimo ka 1 trillion uma I office okumele liwusebenze lingenayo ngisho I printer esebenzayo.
Asikwazi ukukhuluma ngamathuba okuhambisa imikhiqizo kwamanye amazwe uma umlimi engeke ekwazi ngisho ukuhlola inhlabathi, imiphumela ayithole esikhathini esingamaviki amabili.
Konke lokho kuqala la, ngokuhleleka, ngezinhlelo zokusebenza nokulekelela.

KUBASEBENZI BETHU
Kwabesilisa nabesifazane abazosebenza kulesakhiwo, ninomsebenzi omqoka ngoba seniwubuso balomnyango wezolimo.
Abalimi angeke bakhumbule inkulumo kangqongqoshe, kodwa bazokhumbula indlela enibaphatha ngayo uma befika kule office. Bazokhumbula ukuthi niyayibamba yini I phone uma befona.
Bazokhumbula ukuthi ushilo yini ukuthi ngicela ukusiza kunokuthi akusiwo umsebezi wami lowo noma uthi ngicela ukukwedlulisela komunye ozokusiza kodwa uthole ukuthi lolocingo lukhala umlibe lungabanjwa muntu.
Ngithole ukuphoxeka kancane kuleviki ngizwa umlaleli kweminye yemisakazo emikhulu eyenza inzuzo lapha esifundazweni iKwaZulu Natal ekhala ngokuthi into engayimemezela emavikini amabili edlule e Escort ngaphansi komkhandlu wesifunda uThukela ayikaqali ukusebenza.
Ngamemezela emsakazweni ukuthi ama office ezolimo endawo afana njengalo leli kumele asize abalimi abasakhula ngezimbewu nolunye usizo, kodwa lomlaleli akazange asizakale ngesikhathi eya kule office lethu e Estcourt ngento encane efana nale.
Sheshani uma nisiza abantu, izinkinga zabalimi ziyizinkinga zenu nani.

KUBALIMI KANYE NAMALUNGU OMPHAKATHI
Kubalimi ngicela nisiphosele inselelo, wozani kule office nezinkinga zenu, senzeni siphendule ngezethembiso esizenze lapha namuhla. Uma sehluleka sitsheleni, uma siphumelela tshelani abanye. Lesisakhiwo ebesisethula singesenu nani.

SENGIPHETHA
Mphathi wohlelo sengivala.
Leli office kumele abantu njengendawo okutholwa kuyona usizo. Alaziwe njengendawo lakhona umnyango wezolimo nokuthuthukiswa kwezindawo zasemakhaya uthathe isinqumo sokwenza ukukhuluma kwawo kwahambisana nenqalasizinda, ngoba lapha phandle abantu bathi simandla ekukhulumeni nasezinkundleni zokuxhumana kodwa izenzo dololo, asibakhombise ke manje ukuthi singayenza lento yenzeke.

ISIFO SAMATELE
Amathimba ezolimo aholwa oDokotela bemfuyo bamatasa bagoma imfuyo. Sebegome baphothula ezifundeni eziyisikhombisa. Sebelapha eKing Cetshwayo

ehlanganisa indawo yalapha eNkandla. Kuyangijabulisa ukuthi abalimi bayaziletha izinkomo zabo emadiphini. NaseLembeni bamatasa nakhona. Njengamanje sesigome imfuyo ebalelwa ku 1.5 million selokhu saqala ekupheleni kukaNhlolanja. Kanti lapha eKing Cetshwayo zingaphezulu kuka 50 thousand esesizigomile. Sibonga kakhulu kubalimi, abaqhubeke bazilethe izinkomo zabo emadiphini ngisho nalabo abangekho ngaphansi kwamasoseshini.

Ngiyathokoza